*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Indlovukazi yaseSoweto*
*(Queen of Soweto)*
Illustrated by Mia du Plessis
Written by Jessica Taylor
Designed by Marli Fourie
Translated by Nonkululeko Nhlapo
with the help of the Book Dash participants in Cape Town on 30 August 2014.

ISBN: 978-1-77623-133-1

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# *Indlovukazi yaseSoweto*

## *Indaba kaBasetsana Kumalo*



*Mia du Plessis* *Jessica Taylor* *Marli Fourie*

UBasetsana Makgalemele wazalelwa elokishini elibizwa ngeSoweto. Wayeyindodakazi yesithathu kubazali bakhe. Bamqamba igama elithi Basetsana, okusho ukuthi “amantombazane”. Ngokwesiko labaTswana, ukuqamba indodakazi yakho kanjalo kusho ukuthi ingane yakho elandelayo izoba umfana. Lokhu kwenzeka ngempela. Ingane yabazali bakhe eyalandela kwaba ngumfana. Abazali bakhe, odadewabo abadala kanye nomfowabo omncane bonke bambiza ngoBassie uma benqamulela igama lakhe.



Esaseyingane, uBassie wayenamahloni kakhulu. Wayethanda ukucula nokudansa esegumbini lakhe eyedwa.

Ngolunye usuku esikoleni ekuzilolongeleni i-netbal, umqeqeshi watshela amantombazane amabili ukuthi akhethe amaqembu. UBassie wema onqenqemeni lwenkundla yezemihlalo ngethemba lokuthi othile uzothi, “Woza uzodlala nathi!” Kepha akukho muntu owayemfuna eqenjini labo.

Babengazi ukuthi uBassie uzoba ngomunye wamantombazane athandwa kakhulu ezweni.








Ngezimpelasonto, yena nomfowabo nodadewabo babesiza umama wabo owayenguthisha nobaba wabo owayengumshayeli webhasi ukukhokhela izikweletu. Babenza amasemishi ababewadayisa emidlalweni yebhola yendawo. Babezama ukuthengisa yonke into ngokushesha okukhulu ukuze bezothola ithuba lokudlala nezinye izingane uma sekuphele umdlalo.



Kepha ngesikhathi uBassie eseneminyaka eyi-16, wayengowesifazane osemusha omuhle. Wayemuhle kakhulu waze wanqoba imincintiswano emibili yobuhle ngonyaka owodwa: uZime waseSoweto (*Miss Soweto*) noZime Omnyama waseNingizimu Afrika (*Miss Black South Africa*).

Kepha uBassie wayengemuhle kuphela ngaphandle. Wayemuhle nangaphakathi. Yize wayeyindlovukazi ngokuphathelene nezobuhle, wayesenendaba nomphakathi akhulela kuwo.






UBassie wayehlakaniphile. Usebenze kanzima esikoleni, ikakhulukazi esifundweni sakhe asithandayo: isayensi. Ukusebenza kwakhe ngokuzikhandla kwaba nomvuzo lapho esengumfundi ophambili wesayensi esikoleni sakhe kumatikuletsheni. Akusikho lokho kuphela, wayeyiNtombazane eyiNhloko. Le ntombazanyana eyayinamahloni manje yayingenye yamantombazane athandwa kakhulu esikoleni.








Ubaba kaBassie wayehlala ekhuthaza izingane zakhe ukuba zifunde. Wamnika incwadi ebizwa ngokuthi yi-*The Power of Positive Thinking*. Kule ncwadi, ufunde ukuthi ithemba yilona eliwukhiye wokufezekisa amaphupho akho. Wayenephupho lokuba nguZime waseNingizimu Afrika. Akagcinanga ngokufezeka kwalelo phupho kuphela, kodwa waqokelwa ukuba yiNkosazana yokuQala kumncintiswano kaZime woMhlaba (*Miss World*)!



Umama kaBassie wayeyisibonelo esihle kuye. UBassie uchaze umama wakhe “njengomama obukhali, osebenza kanzima ongumXhosa ongaxakwa yiziwula.” Wayenguthisha kanti uBassie wayenezinhlelo zokulandela ezinyathelweni zakhe, kepha izinto bezingahambi njengoba ayehlelile! Ngemuva kokuwina uZime waseNingizimu Afrika waba ngumethuli wezinhlelo zikamabonakude. Ubengeyena uthisha, njengomama wakhe, kepha ubesebenza kanzima njengaye. Umsebenzi wakhe wakumabonakude waholela ekutheni avule inkampani yakhe yokuqopha izinhlelo zikamabonakude. Wayesengowesifazane ongusomabhizinisi ophumelele.





Isiqubulo sikaBassie sithi: “Kulowo onikezwe okuningi, kulindeleke okuningi.” Ukholelwa ukuthi unikwe isipho ukuze ukwazi ukupha abanye. UBassie ukwenza lokhu ngokuvolontiya, ngokunikela ngesikhathi sakhe nemali yakhe kanye nokudala amathuba emisebenzi. Ubamba iqhaza kumaphrojekthi nezinhlangano zosizo ukusiza abantu abasemphakathini wakhe. Okusondele kakhulu enhliziyweni yakhe yi-Nelson Mandela Institute.

UBassie wayesondelene kakhulu noNelson Mandela. Ngesikhathi eklonyeliswa ngokuba wuZime waseNingizimu Afrika, uMadiba wamubhalela incwadi emhalalisela. Kule ncwadi, wambiza ngokuthi “Ndlovukazi yethu”. Babelana ngothando lwezingane nemfundo nenkolelo yokuthi izwe elifundile lingasiza ukulwa nobumpofu.





Ngo-2002, uBassie washada noRomeo Kumalo futhi waziwa ngelikaBasetsana Kumalo.

Ngokubambisana basungula i-*Romeo and Basetsana Kumalo Family Foundation*. Inhlangano enakekela izintandane – izingane ezingenamama nobaba.





Kwadingeka ukuba uBassie afunde ukulinganisa izinto emsebenzini wakhe omatasa nempilo yomndeni.

Unenkampani yakhe ebizwa nge-Basetsana *Women Investment Holdings*. Yena noRomeo banezingane ezintathu, abafana ababili nentombazane. UBassie ubona indima yakhe njengomama ezinganeni zakhe "njengobizo lwakhe olukhulu kakhulu nesibusiso esikhulu".

UBassie uthi, imfihlo yempumelelo yakhe "isibindi, ukuzimisela, intshisekelo nokuzibophezela kulokho okwenzayo". Naphezu kwayo yonke impumelelo yakhe, uhlala ezithobile ngenkathi ezama ukwenza umhlaba ube yindawo engcono.

Ukuba muhle ngaphandle akuyona into ekwenza ube umuntu omuhle. Inhliziyo egcwele uthando nokuphana. Futhi yingakho uBassie eyiNdlovukazi yethu enhle.



